

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ T.W.
MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA IBHRIJI KWAMAPHUMULO
NGOLWESINE MHLAKA 17 MAY 2012.**

Mphathi wohlelo;
Amalungu esiShayamthetho;
Amakhosi aseNdlinkulu;
IMeya yoMkhandlu;
Izinduna zamaKhosi;
Amakhansela;
Izikhulu zemiNyango ngokwehlukana kwayo;
Izinhlaka zemiphakathi esisebenzisana nazo kwezokuthutha
nakwezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi;
Umphakathi wonke ngiyanibingeleta.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, kuyintokozo ukuthi siphinde sithole ithuba lokuzokhuluma nani lapha ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakule ndawo ukuthi nayo ibe nempilo engcono.

Kodwa sithanda ukuqala ngokuxolisa nje ukuthi ngenxa yokungavumi kwendawo ukwanelo kahle itende nendawo yokupaka izimoto laphaya ngasebhrijini, sigcine sesinquma ukuwenzela kule ndawo lo mcimbi. Kodwa-ke osekusiduduza yikho ukuthi vele nalena isengaphansi i-ward eyodwa.

NjengomNyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi besilapha nangoDecember wonyaka odlule sihamba noMongameli wezwe uNxamalala sizokhuluma kakhulu ngokubaluleka kukuba sonke ngokubambisana silwe nezingozi zomgwaqo kanye nobugebengu.

Mhlambe kuhle ukuthi umuntu adlulise ukubonga nje emphakathini walapha KwaMaphumulo nakwezinye izindawo ezingaphansi kwesiFunda seLembe, ngokuthi kuze kube manje besisabona sibambisene kahle ukubhekana nezinselelo ebezisilethe lapha ngoDecember.

Odabeni Iwezingozi zomgwaqo, sikuqaphelile ukuthi besingakabi nezinhlekelele ezithatha imiphefumulo yabantu abaningi ngesikhathi esisodwa kule ndawo yaKwaMaphumulo. Siyazi-ke kodwa ukuthi kuyabakhona ukulimala kwabantu ngamunye lapha nalaphaya, nakho esikugxeka ngayo yonke indlela.

Kodwa ngokwesiFunda seLembe, ngingasho nje ukuthi kusikhathaze kakhulu ukulahlekelwa yizingane ezintathu zomndeni owodwa ngenyanga edlule ezishayiswe yimoto laphaya eManden.

Nokho-ke kumele siqhubeke silishumayele leli vangeli nanamhlanje ngoba phela asikwazi ukuhlala dekle sithi izingozi zehlile, kuyaba sekuthi kungazelele muntu kuvele kube nengozi embandakanya abantu abaningi ngesikhathi esisodwa, kufe inqwaba yabantu kade thina sesithe zehlile izingozi.

Kumele siqhubeke siqwashise abantu bakithi ukuthi uma kukhulunywa ngezibalo zezingozi kusuke kungakhulunywa ngezinombolo nje. Kumele sazi ukuthi kusuke kukhulunywa ngabantu osekuthe ngokudlula kwabo emhlabeni kwasala kwaba noshintsho emindenini yabo.

Njengoba sengike ngasho, okunye okuthokozisayo yinqbekela phambili esiyibonayo ngezinhlelo zokulwa nobugebengu esizethule kule ndawo ngenkathi sihamba noMongameli.

Olunye Iwalezi zinholelo yilolu lokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa esiluqale esikoleni iVukile. Lolu hlelo seluyingxene yomkhankaso wokuphepha ezikoleni, i-School Safety Program. Sifisa ukubonga othisha, abazali nabo abafundi ababambisene nathi kulolu hlelo.

Siyazi ukuthi ziningi izinto eziwumphumela wokusetshenziswa kwezidakamizwa ezinganeni zethu. Phakathi kwalezo zinto kuba ukushiya phansi isikole kwezingane, ukulimazana ngezikhali emagcekeni esikole nalokhu osekuthanda ukwanda kokudlwengulana kwezingane.

Sizoqhubeka-ke siwuqinise lo mkhankaso wokulwa nobugebengu ngaphansi kwesiFunda seLembe, ikakhulukazi lapha KwaMaphumulo okuyindawo esikuyona namhlanje.

Sizoqhubeka sikugcizelele ukuthi phela ukhiye wangempela ekuqinisekiseni ukuphepha kwendawo yizo izakhamizi uqobo. Ngaphandle kokubambisana namalunga omphakathi, akukho okuningi okungenziwa ngamaphoyisa ukubamba izephulamthetho.

Siyazi ukuthi kuhlale kunenkombankombane phakathi kwamalungu omphakathi ekhala ngokungasebenzi kwamaphoyisa, namaphoyisa ngakolunye uhlangothi ethi asebenza kanzima ukubopha abantu bese kuba yibona abantu abangafuni ukufakaza ukuze kugwetshwe izigilamkhuba.

Futhi-ke thina esikushoyo ngukuthi vele izigebengu phela zihlala khona emiphakathini. Zizalwa yithina, zingabafowethu, osibali bethu, abakhwenyana bethu njalo njalo.

Ezindaweni eziningi-ke kukhona asebabumba amaqembu azibophezele ekulweni nalesi sihlava. Siyathanda ukugcizelela futhi njengoba siye senze nakwezinye izindawo ukuthi uma bekhona nalapha, njengoHulumeni sizimisele ukusebenzisana nalezi zinhlaka.

Kodwa esifuna kwenzeke ngukuba kungabi khona muntu ozithathela umthetho ezandleni zakhe. Abangawuthunazi umsebenzi wabo ngokuthi benze izinto ezizojika ziqhathe bona nomthetho.

Sianinxusa ukuba niqhubeke nithathe indawo yenu ekulweni nobugebengu. Akungathi uma amaphoyisa eseewenzile umsebenzi wawo bese kuba yinina enehla nenyuka nifuna abameli abazokhipha phambili izigebengu enkantolo.

Abanye abantu okumele basilekelele kulo mkhankaso ngabelaphi bendabuko esifuna bahlukane nokunika izigebengu imithi yokuwina amacala.

Kumele izinyanga zicabange ukuthi njengoba isigebengu siwina icala nje ngelinye ilanga sizobuya sizobamba yona inkunzi. Kumele zicabangele amakhasimende azo angenacala kodwa impilo yawo ebekeka engcupheni ngenxa yomuthi wazo okhulula izinswelaboya.

Kuzokhumbuleka futhi ukuthi isiFunda seLembe sike saba nezinkinga embonini yamatekisi ezindaweni ezifana noKwaDukuza noMaphumulo. Nalapha umNyango ngokubambisana nohlaka oludidiyele izinhlaka ezahlukene zokulwa nobugebengu nezobulungiswa i-JCPS, wasebenza kanzima ukuthola izixazululo kuleyo nkinga.

Kulo mcimbi wanamhlanje sithi sifuna ukushayela isipikili ukuba bonke abathintekayo kulowo mkhakha bangabe besabuyela emuva kodwa baqhubeke nokusebenzela ukuthula nenhlalakahle.

Nangaphambi kokhetho IoHulumeni baseKhaya ngonyaka odlule, indawo yaKwaMaphumulo, KwaDukuza naseMandenizazihlonzwe njengezidinga ukubhekwa kakhulu ngezokuphepha ngenxa yomlando wokuba nezinshunxushu lapha esifundazweni . Nakuba-ke lapha KwaMaphumulo zazingekho izehlakalo ezinkulu kakhulu ezazibikwa ngaleso sikhathi, kodwa sayifaka nayo le ndawo.

Namhlanje sonke siyazi-ke ukuthi sekungumlando ukuthi yinina enaziqokela ukuvota kahle ngokuthula, okuze kube yimanje nisaziphethe ngendlela. Konke lokhu enikwenzayo yikona okuvulela amathuba entuthuko endaweni yenu.

Siyanibongela-ke futhi nangokuthi ukuvota kahle kwenu sekwenze naba nohulumeni wasekhaya okwaziyo ukubambisana nowesifundazwe kanye nokazwelonke, kudluliswe ngendlela efanele lonke ulwazi ngezidingo zentuthuko endaweni yenu.

Namhlanje sesibona izinhlelo zentuthuko zithe chithi saka KwaMaphumulo, kuhlanganisa nohlelo lwamanzi. Iningi lalezi zinhlelo liyizimpendulo zezikhalo zenu enaziveza ngenkathi kuhleli iphalamende lesifundazwe lapha eSabuyaze ngonyaka odlule.

Nale ngqalasizinda esize ngayo namhlanje ibingeke ibe yimpumelelo ukuba benilokhu nibangisana esikhundleni sokubambisana.

Mhlambe kumele umuntu akuveze nje lapha ukuthi indaba yaleli bhriji laseNkolovuzane nomgwaqo u-P711 lona esesiwufaka itiyela, iqale ngo-2006 ngisewuSomlomo laphaya esiShayamthetho.

Yilapho engahlanga khona nekomiti lentuthuko lalapha elaliholwa nguBaba uNcalane owayeyiKhansela lalapha ku-Ward 8 kanye noKhansela uMbonambi oseyiPhini leMeya manje.

Yibona abacacisa ngosizi olwalubhekene nezingane nabantu abadala okukwakudingeka bathunazeke isithunzi sabo ngokuthi bakhumule izingubo uma bewela umfula. Lesi simo saze savela nakwabemithombo yezindaba.

Sabe sesiqala siyisebenza indaba yalapha, ngathumela ikomiti lasephalamende ukuba lizohlanganisa amakhanda lapha. Ngangingazi-ke ukuthi kanti ngiqala indaba ezogcina ngokuphothulwa yimina sengiphathiswe ezokuThutha esifundazweni.

Leli bhuloho esilivulayo-ke namhlanje elizowela izimoto kanye nabahamba ngezinyawo emfuleni uMvoti, lidle imali engu-R14 million. Sifisa ukubongela nalabo abahlomule ngamathuba emisebenzi ngenkathi kuqhube ka umsebenzi kulezi zinyanga ezilishumi kusukela ngoJuly wonyaka odlule.

Phakathi kwasebezosizakala ngaleli bhriji kukhona izingane eziwela uMvoti ziya eNkolovuzane Primary School naseVelangwezi Secondary School.

Ukusebenza kwalo futhi leli bhriji kuzolekelela nezithuthi zomphakathi ukuba zifinyelele nhlangothi zombili zomfula, kanti nezimoto zamaphoyisa nama-ambulensi sekuzokwazi ukuhamba kalula.

Masikugcizelele futhi esiyaye sikusho nakwezinye izindawo lapho sihamba khona ukuthi uma sesingenile endaweni kusuke sekuwumshawushilo. Sisuke sesifuna ukuqeda ngalowo masipala ngemigwaqo esasilele kuwona ukuba yakhiwe noma ilungiswe kabusha.

Njengoba sengike ngabalula phambilini, lapha KwaMaphumulo kunemigwaqo eminingi esiyisebenzayo ezindaweni zamaKhosi. Kodwa okuwumsebenzi omkhulu yilokhu kokufakwa kwetiyela ku-P711. Lo mgwaqo ongu-33 km ubude bawo bonke ukulungiswa kwawo kuzosiza cishe izikole ezingu-9 nezinkulisa ezintathu, izikhungo zezempiro okuhlanganisa neMtandeni Hospital kanye nezindawo zokulima.

Ibalelwa ku-R314, 91 million imali ezofakwa kulo mgwaqo. Kulo nyaka wezimali odlule ka-2011/2012 sisebenzise u-R21,21 million. Ngalona ka-2012/2013 sibe u-R85,70 million ozokwakha amakhilomitha ayishumi. Kulindeleke ukuba uphothulwe ngo-2014/2015 lo mgwaqo nokulindeleke ukuba ube usudale amathuba emisebenzi angu-1780 ngaleso sikhathi.

Kodwa futhi lapha esiFundeni seLembe sibeke imali ebalelwa ku-R405,342 million kule minyaka yezimali emibili u-2012/2013 no-2013/2014, ukubhekela imisebenzini yokwakha nokugcina imigwaqo isesimweni kulesi funda. Abalelwa ku-562 amathuba emisebenzi alinndeletele kulezo zinhlelo.

Siyathemba-ke ukuthi zonke lezi zinhlelo zokwakha nokulungisa imigwaqo kufika ngesikhathi esikahle lapho nohlelo Iwe-IDP yeLembe District lukhomba ukuthi kunemisebenzi eminingi yengqalasizinda ehlelwe ngenhloso yokuthuthukisa idolobha laKwaMaphumulo.

Ngiyabonga.